



# basic education

Department:  
Basic Education  
**REPUBLIC OF SOUTH AFRICA**

## **SENIOR CERTIFICATE EXAMINATIONS/ NATIONAL SENIOR CERTIFICATE EXAMINATIONS**

**ISIZULU ULIMI LWASEKHAYA (HL)**

**IPHEPHA LESIBILI (P2)**

**2019**

**AMAMAKI: 80**

**ISIKHATHI: Amahora ama- $2\frac{1}{2}$**

**Leli phepha linamakhasi angama-28.**

## **IMIYALELO KANYE NOLWAZI KWABAHLOLWAYO**

1. Fundisa kahle imiyalelo ngaphambi kokuba uqale ukuphendula imibuzo.
2. Ungafundi imibuzo yonke yephepha. Qala ubheke uhla lokuqukethwe olukhonjisiwe bese ukhetha imibhalo oyifundile kulo nyaka. Emuva kwalokho, funda imibuzo yaleyo mibhalo bese ukhetha imibuzo ozoyiphendula.
3. Leli phepha LINEZIQEPU EZINTATHU:

ISIQEPU A:	Izinkondlo	(30)
ISIQEPU B:	Inoveli/Ubuciko bomlomo	(25)
ISIQEPU C:	Umdlalo	(25)

4. Phendula imibuzo EMIHLANU isiyonke: ISIQEPU A: Imibuzo EMITHATHU, ISIQEPU B: Umbuzo OWODWA, ISIQEPU C: Umbuzo OWODWA njengoba kukhonjisiwe ngezansi.

ISIQEPU A: IZINKONDLO  
 IZINKONDLO EZIMISELWE – Phendula noma ngabe yimiphi imibuzo EMIBILI.  
 INKONDLO ENGAMISELWE – UPHOQELEKILE ukuphendula lo mbuzo.

ISIQEPU B: INOVELI/UBUCIKO BOMLOMO  
 Phendula umbuzo OWODWA.

ISIQEPU C: UMDLALO  
 Phendula umbuzo OWODWA.

5. INDLELA YOKUPHENDULA IMIBUZO YESIQEPU B (INOVELI/UBUCIKO BOMLOMO) KANYE NEYESIQEPU C (UMDLALO)

- Phendula KUPHELA imibuzo yenoveli kanye neyomdlalo owufundile.
- Phendula UMBUZO OWODWA OMUDE kanye NOWODWA OMFUSHANE. Uma ukhetha ukuphendula umbuzo omude ESIQESHINI B, kufanele uphendule umbuzo omfushane ESIQESHINI C. Uma ukhetha ukuphendula umbuzo omfushane ESIQESHINI B, kufanele uphendule umbuzo omude ESIQESHINI C. Sebenzisa uhla oluyinkomba lokuphendulwa kwemibuzo ukuze lukwelekelele ekukhetheni imibuzo.

## **6. UBUDE OBULINDELEKILE BEZIMPENDULO**

- Umbuzo omude ezinkondlweni mawuphendulwe ngamagama ayi-190 kuya kwangama-240.
- Imibuzo emide enovelini kanye nasemdlalweni mayiphendulwe ngamagama angama-340 kuya kwangama-390.
- Ubude bezimpendulo zemibuzo emifushane buyolekelelwa amamaki anikeziwe okuyiwona ayolawula ohlolwayo ukuthi kumele aphendule kangakanani. Abafundi mabaqaphela ukuthi abathemelezi, kodwa baphendula okubuziwe.

7. Landela ngokucophelela imiyalelo oyinikeziwe ekuqaleni kwaleso naleso siqephu.
8. Qaphela ukuthi izinombolo ozisebenzise ezimpendulweni zakho ziyahambisana nalezoz eziqebenzise abahlolayo emibuzweni.
9. Qalisa ISIQEPU NGASINYE ekhasini ELISHA.
10. Ukusetshenziswa kwesikhathi kungahlelwa ngale ndlela:  
  
ISIQEPU A: Imizuzu engama-40  
ISIQEPU B: Imizuzu engama-55  
ISIQEPU C: Imizuzu engama-55
11. Bhala ngobunono nangesandla esibonakalayo.

**OKUQUKETHWE**

Leli khasi liyokwelekelela ohlolwayo ukuba akhethe imibuzo azoyiphendula ngaphandle kokufunda imibuzo yephepha lonke.

**ISIQEPHU A: IZINKONDLO****Izinkondlo ezimiselwe: Phendula noma ngabe yimiphi imibuzo EMIBILI.**

INOMBOLO YOMBUZO	UMBUZO	AMAMAKI	INOMBOLO YEKHASI
1. 'Izibongo ZikaKufakwezwe'	Umbuzo omude	10	6
2. 'Akasekho'	Umbuzo omfushane	10	8
3. 'Imfihlo'	Umbuzo omfushane	10	9
4. 'Ngibonga Ngiyanconcoza'	Umbuzo omfushane	10	10

**KANYE****Nenkondlo engamiselwe: Uphoqelekile ukuphendula lo mbuzo.**

5. 'Nhliziyi Ungisaphi?'	Umbuzo omfushane	10	11
--------------------------	------------------	----	----

**QAPHELA:** Phendula UMBUZO OWODWA OMUDE kanye NOWODWA OMFUSHANE. Uma ukhetha ukuphendula umbuzo omude ESIQESHINI B, kufanele uphendule umbuzo omfushane ESIQESHINI C. Phendula umbuzo OWODWA ESIQESHINI B kanye NOWODWA ESIQESHINI C.

**ISIQEPHU B: INOVELI/UBUCIKO BOMLOMO****INOVELI: Phendula umbuzo OWODWA kule noveli/kulobu buciko bomlomo.**

6. Bengithi Lizokuna	Umbuzo omude	25	12
7. Bengithi Lizokuna	Umbuzo omfushane	25	12
8. Usumenyezelwe-ke Umcebo	Umbuzo omude	25	14
9. Usumenyezelwe-ke Umcebo	Umbuzo omfushane	25	14
10. Kunjalo-ke	Umbuzo omude	25	16
11. Kunjalo-ke	Umbuzo omfushane	25	16
12. Impi Yabomdabu Isethunjini	Umbuzo omude	25	18
13. Impi Yabomdabu Isethunjini	Umbuzo omfushane	25	18

**NOMA****UBUCIKO BOMLOMO: Phendula umbuzo OWODWA kolobu buciko bomlomo obumiselwe.**

14. Uju Lwezizukulwana	Umbuzo omude	25	20
15. Uju Lwezizukulwana	Umbuzo omfushane	25	20

**ISIQEPHU C: UMDLALO****Phendula umbuzo OWODWA kule midlalo emiselwe.**

16. Kudela Owaziyo	Umbuzo omude	25	23
17. Kudela Owaziyo	Umbuzo omfushane	25	23
18. Awuwelwa UMngeni	Umbuzo omude	25	25
19. Awuwelwa UMngeni	Umbuzo omfushane	25	25
20. Ubhuku Lwamanqe	Umbuzo omude	25	27
21. Ubhuku Lwamanqe	Umbuzo omfushane	25	27

**QAPHELA:** Phendula UMBUZO OWODWA OMUDE kanye NOWODWA OMFUSHANE ESIQESHINI B kanye NASESIQESHINI C. Akuvumelekile ukuphendula imibuzo EMIBILI emide noma EMIBILI emfushane.

**Uhla oluyinkomba yokuphendulwa kwemibuzo.**

Emuva kokuphendula imibuzo yaleli phepha, sebenzisa lolu hla oluyinkomba yokuphendulwa kwemibuzo olulandelayo ukuze ube nesiqiniseko sokuthi uyikhetha ngokufanele imibuzo okulindeleke uyiphendule.

ISIQEPHU	INOMBOLO YEMIBUZO	INANI LEMIBUZO EPHENDULIWE	THIKA (✓)
A: IZINKONDLO (Ezimiselwe)	1–4	2	
A: INKONDLO (Engamiselwe)	5	1	
B: INOVELI (Umbuzo omude NOMA omfushane)	6–13	1	
B: UBUCIKO BOMLOMO (Umbuzo omude NOMA omfushane)	14–15	1	
C: UMDLALO (Umbuzo omude NOMA omfushane)	16–21	1	
<b>QAPHELA:</b> ESIQESHINI B no C, qinisekisa ukuthi uphendule umbuzo OWODWA OMUDE kanye nombuzo OWODWA OMFUSHANE. Awuvumelekile ukuphendula imibuzo EMIBILI emide noma imibuzo EMIBILI emifushane.			

**ISIQEPHU A: IZINKONDLO****IZINKONDLO EZIMISELWE**

Phendula noma yimiphi imibuzo EMIBILI kulena emine ebuziwe elandelayo.

**UMBUZO 1: UMBUZO OMUDE**

Fundisa le nkondlo bese uphendula umbuzo olandelayo.

**IZIBONGO ZIKAKUFAKWEZWE – MSS Gcumisa  
(Umnewethu inkosi yakwaGcumisa engasekho)**

- 1 Ingqungqulu eyabhl' amaphiko
- 2 Phezu komuzi esangwen' eTsheni
- 3 Zonk' izinyoni zakhothamis' amakhanda.
- 4 Ngimthande ebagax' izinsimbi nanxa
- 5 Sebecel' intethelelo.
- 6 Ingulule egijime yeqa izintaba
- 7 Abesifazane nezingane bapheza
- 8 Ukulal' ezintabeni,
- 9 Kwanqamuka nengelezane
- 10 Yokugeleza kwegazi ezweni.
- 11 Ithole, elikaLubanjane, elikaSigobhe,
- 12 ElikaManyosi , elikaSalimani,
- 13 ElikaMahlomehlathini njengohlanya,
- 14 Elikhale phezu komfula uMqeku,
- 15 Kwakhuphuk' indlezane yakoMapholoba
- 16 Emalangeni yalilabalabela.
- 17 Kanti izoliphahlaza ngelinomantshu
- 18 Izolibhakela ngenselw' enodaka.
- 19 Indaba eyenziwe abafokazana nezinduna,
- 20 Inkosi abaze bayikhombisa inxeba,
- 21 Yathi iyalihlaba kanti isiyaphimpiliza.
- 22 Isibeka luphawu lwasibazi,
- 23 Esingaseyuphela sishabalale,
- 24 Kazi nxa amaliba angaqhibuka namuhla
- 25 Baphume oMbabal' egweb' igijima,
- 26 NoNomadlikidlikana bangathini?
- 27 Nxa sebeqhamuk' elab' izwe
- 28 Seliziduliduli okungath' ezemihlwa
- 29 Okuthunqa kuzo intuthu,
- 30 Lapho kwashabalala khona
- 31 Awabo amahlathi ayengashunqi ntuthu.
- 32 Ukufakwezwe abamethe igama kanti uzolilandela,
- 33 Bath' ukufakwezwe izwe life ngaye kungabi ndaba zalutho.
- 34 Umvuli wezicabh' esengaphakathi
- 35 Wakhab' onobhadul' esengaphakathi
- 36 Zivalwe amadod' amabili phesheya kweNgoje
- 37 Enye eyakwaMgwaz' eMthini emide,
- 38 Enye eyakwaLuthuli eMathulini.
- 39 UMadondolozela: ngentong' encane
- 40 Kwezakwabo ekhohlwa
- 41 Ngob' udondolozela ngomfowabo UMLindeli.

Xoxa ngempumelelo yembongi ekusebenziseni ubuciko bokubumba inkondlo ngokwesakhiwo sangaphandle ukuthi kuhambisana kanjani nesigqi sayo. Impendulo yakho maybe ubude obuphakathi kwamagama ayi-190 kuya kwangama-240.

Impendulo yakho mayibhekiswe kulokhu okulandelayo:

- Makuchazwe ukuthi kuyini ukubumbeka kwenkondlo ngokwesakhiwo sangaphandle kanye nesigqi senkondlo.
- Makuphendulwe kunikezwe ukubumbeka ngokucaphuna izibonelo ngokwamabinza nokuthi kuhambisana kanjani nesigqi senkondlo.
- Ukuveza uvo lwakho esiphethweni sempendulo. Impendulo mayihlelwe njenge-eseyi hhayi ngokwamaphuzu.

[10]

**UMBUZO 2: UMBUZO OMFUSHANE**

Fundisa le nkondlo bese uphendula imibuzo elandelayo.

**AKASEKHO – LTL Mabuya**

1 Besinaye MANJE-  
 2 Ngokuphazima kwehl' akasekho;  
 3 Unyamalele!  
 4 Kuthiw' akagoduke,  
 5 UGODUKILE!  
 6 Akasekho ...  
 7 Besinaye MANJE;  
 8 Uhambile.  
 9 Kazi ngizomtholaphi?  
 10 Kazi ngizomthungathaphi?  
 11 AKASEKH' UKUB' ENGEKHO!  
 12 Besinaye MANJE;  
 13 Ngokunyazima kweso  
 14 AKASEKHO:  
 15 UHAMBILE,  
 16 Kodwa besinaye MANJE!  
 17 HAMBA, Mbalenhle:  
 18 Ungakhohlwa YIMI!  
 19 Hamba Ntombenhle;  
 20 Ungikhumbul' emsingeni,  
 21 Emsingeni wamagagas' ezinhliziyo;  
 22 Nasemgugweni wothando lwezinhliziyo,  
**23 Laph' umkhumbi wothando ngiwugwedla;**  
**24 Siphothana sipilingana sishwilingana**  
 25 Kuyimin' umgwedli sipilingana!  
 26 AKASEKHO?  
 27 Goduka Gugw' elihle:  
 28 Nami ngilapha nje  
 29 KANGISEKHO! Angikho nhlobo;  
 30 Ngithathekile; Ngithathekile  
 31 SENGIYALANDELA  
 32 Angisekho ngempela:  
 33 Lutho! KANGISEKHO!

- 2.1 Nikeza izimo zokukhuluma EZIMBILI ezitholakala ebinzeni lokuqala kule nkondlo. (2)
- 2.2 Fingqa umqondo okuqukethwe ibinza lesi-2. (2)
- 2.3 Yini inhoso yembongi ekusebenziseni ukuphindaphinda kwegama 'AKASEKHO'? (2)
- 2.4 Ngabe imigqa yama-27 kuya kowama-31 inamthelela muni ekuqondeni kwakho indikimba yale nkondlo? (2)
- 2.5 Phawula ngokusetshenziswa kwamagama agqamile kule nkondlo. (2)

**UMBUZO 3: UMBUZO OMFUSHANE**

Fundisa le nkondlo bese uphendula imibuzo elandelayo.

**IMFIHLO – MH Mazibuko**

- 1 Mfihloni len' engaka,  
 2 Zinyanya zakithi nonkana sitsheleni,  
 3 Izinyanga nezanusi ziwachitha ziwaqoqe,  
 4 Kanti kufihlweni?  
  
 5 Nonesifuba ugcina esemchathazela umngani,  
 6 Le mfihlo ayinamngani nasihlolo,  
 7 Othuke wakwelamela okufihliwe uyihlab' inhlali  
 8 Nabantabakhe uthi bayozibonela kuhle kwabeneyoka.  
  
 9 Abalele bayabuya ngamaphupho,  
 10 Balethe izinhlanhla nemikhokha,  
 11 Noma kunjalo sebeze baqumbelana,  
 12 Bengayithi vu ngenhlalo yabo,  
  
 13 Kukhulu esafihlelwa khona,  
 14 Yonke imithetho iyeqiwa, ujeze,  
 15 Munye vo ongasoze weqiwa  
 16 Lowo uthi, 'Ngamunye ngamunye wozibonela azizwele'  
 17 Nesichwensi asichwenseli ngakuwo.  
  
 18 **Liba izindaba zakho ziyaxaka azixoxeki,**  
 19 Akukho namunye onyonyobayo,  
 20 Azosihlebela ngenhlalo yangale,  
 21 Kukhulu okufihlelwe ngale kwempilo yomhlaba,  
 22 Abanye bawuthumela igundane kepha kuwe lingelokothwe.

- 3.1 Nikeza isifengqo esitholakala emgqeni wesi-3 uphinde unikeze incazeloyaso ngokwenkondlo. (2)
- 3.2 Chaza kafushane umqondo oqukethwe ibinza lesi-2. (2)
- 3.3 Chaza umoya otholakala ebinzeni lesi-3. (2)
- 3.4 Yini inhoso yembongi yokusebenzisa amagama abhalwe ngokugqamile kule nkondlo? (2)
- 3.5 Xoxa ngempumelelo yembongi yokusebenzisa isimo sokukhuluma esisemgqeni wama-22. (2)  
**[10]**

**UMBUZO 4: UMBUZO OMFUSHANE**

Fundisa le nkondlo bese uphendula imibuzo elandelayo.

**NGIBONGA NGIYANCONCOZA – Imbongi ayaziwa**

- 1 Okweguqa lithath' ubunkunzi,
- 2 Lisacij' izimpond' okweklwa
- 3 Licijwa ngomlalazi.
- 4 Okwenzulu yeziziba ngisajula,
- 5 Nakhu sebengibek' umgqiki
- 6 Ebandla lezingengelezi,
- 7 Bengithwesa isicoco
- 8 Ngokudla umhlanganiso ngezinduku zomsimbithi.
- 9 Ngincoma ngiyancoza kubaciji bezimpondo.
- 10 Bezicija ngenjulo yenzulu yosikisiki.
- 11 Ngiphikelele kwelezinyandezulu,
- 12 **Ningadinwa ukulokhu nicija izimpondo;**
- 13 Umkhondo wokhondolo Iwamaklume,
- 14 Uyohluma ngengqakazo yemikhondo yanamuha,
- 15 Ngob' Inkunz' isematholeni.

- 4.1 Nikeza imvumelwano siqalo etholakala kule nkondlo. (1)
  - 4.2 Chaza kafushane ngokusethenziswa kwe-enjambamenti emgqeni wesi-7 kuya kowesi-8. (3)
  - 4.3 Chaza umoya okhonjiswa umugqa we-13 kuya kowe-15. (2)
  - 4.4 Ucabanga ukuthi ithoni esetshenziswe emgqeni wesi-9 inamthelela muni kokushiwo imbongi? (2)
  - 4.5 Hlaziya indikimba yale nkondlo. (2)
- [10]**

**KANYE**

**INKONDLO ENGAMISELWE (Uphoqelekile ukuphendula lo mbuzo.)****UMBUZO 5: UMBUZO OMFUSHANE****NHLIZIYO UNGISAPHI? – JJ Thwala**

- 1 Angiqondi noma amawongowongo omhlaba
- 2 Angiqondi noma ngiyisisulu sezivunguvungu
- 3 Ingqondo ivunguziswa yishisandlu lenhliziyo
- 4 Inhliziyo engikhomba phambili ngokushabasheka
- 5 Ishabashhekela impokophelo nenhoso engaziwayo
- 6 Izimvalo ziludabule zigida ziphindelela
- 7 Isigcino isibindi saqholosha sanqoba
- 8 Sinqoba ngesibindi seqholo sokuthanda
- 9 Uthando oluzike enhliziyweni ejulile
- 10 Eluthando Iwayo luzikile ngokujula.
- 11 Imibuzo enqala ubusuku nemini iluzamazamisile
- 12 Lwawa lavuka Iwamela iqiniso
- 13 Inhliziyo Iwayiqalanga luhphindelela
- 14 Ukuzibamba nokubekezelwa kwangeqa kwangehlula
- 15 Isigcino amathambo okwenina ngazidela
- 16 Umncamo wempokophelo uzala impumelelo
- 17 Impumelelo ezalwa ukuqina kothando Iweqiniso
- 18 Olungaqaolangwe Iwanginqoba ngancama ukuzidela
- 19 Ngazidela ngizidelela uthando Iwendalo
- 20 Njengesipho soMdali ngehluleka ukubekezelwa
- 21 Kodwa ngizothi nhliziyo ungisaphi?
- 22 Ngizothi luthando yini oyibonile
- 23 Mpokophela nentshisekelo ningiholelaphi?
- 24 Ngabe yiso lesi yini isilulu sentokomalo?
- 25 Ngabe intabo nemfudumalo yami ilapho yini?

- 5.1 Tomula ukuxhumana okutshekile okusetshenziswe imbongi ebinzeni loku-1. (1)
  - 5.2 Chaza kafushane ngokusetshenziswa kokuxhumana okusemgqeni wesi-9 kuya kowe-10. (3)
  - 5.3 Chaza inhoso yokusetshenziswa kwesimo sokukhulumu esitholakala emgqeni we-15. (2)
  - 5.4 Iyini inhoso yembongi yokukhetha igama uMdali kule nkondlo? (2)
  - 5.5 Phawula ngekhono lembongi ekusebenziseni kophawu eliwumbuzi ebinzeni lesi-5. (2)
- [10]

**AMAMAKI ESIQEPU A:** **30**

**ISIQEPHU B: INOVELI/UBUCIKO BOMLOMO**

Khetha uhlobo OLULODWA lombhalo phakathi KWENOVELI NOBUCIKO BOMLOMO, uphendule ngokulandela imiyalelo engezansi.

**INOVELI**

Phendula umbuzo OWODWA ngencwadi oyifundile.

**UMBUZO 6: UMBUZO OMUDE*****BENGITHI LIZOKUNA – NG Sibya***

Xoxa ngempumelelo yombhali ekugqamiseni indikimba yothando/yethemba kule noveli ethi, *Bengithi Lizokuna*.

Impendulo yakho maybe ubude obuphakathi kwamagama angama-340 kuya kwangama-390.

Impendulo mayibhekiswe kulokhu okulandelayo:

- Ukuchaza ukuthi iyini indikimba.
- Ukuchaza, usekele ngezibonelo ezimayelana nendikimba kule noveli.
- Impumelelo yombhali ekugqamiseni indikimba kule noveli.

(Impendulo mayihlelwe njenge-eseyi, hhayi ngokwamaphuzu.)

[25]

**UMBUZO 7: UMBUZO OMFUSHANE*****BENGITHI LIZOKUNA – NG Sibya***

Fundisa lesi siqeshana senovelis bese uphendula imibuzo elandelayo.

**ISIQESHANA A**

'S'bu!' ememeza evula umnyango okwase kuvundle kuwo isidudla kubonakala nje ukuthi kasifuni nakancane ukuba bangene. Emva komzuzwana waqhamuka uS'bu, ephephuka naye. Badamuka ngomzuzwana utshwala esebona uNdumiso noZakithi. 'Zakithi, konje bengithe fika noNdu ...?' ebuza eyenda ebanjwa ithwabi elixutshwe nokushaywa uvalo.

5

Akaligwinya lelo, kwase kuwubusantsantu emnyango, isidudla sesisho ukumqedu uZakithi. Akazithambisanga uZakithi, watibila bandla, wazama ukusishaya isidudla, kwaqathaka ithawulana elalibhinciwe, kasaba nandaba isidudla sansondo, sabhushuzela, saphephuka phezu kwakhe, samdonsa ngamasingili ayeweluke ekhanda, samndondonya, samndondonya.

10

'Uyifunani indoda yami? Uyifunani indoda yami?' sibuza simnikinikiza.

'Kahle phela Nomthi, musa ukushaya ingane yabantu ingenze lu ...' kuncenga uS'bu ephephuka naye ezama ukulamula. Wabona uNdumiso ukuthi kayingangaye, wakhumbula izinsizi zakhe, wacabanga amaphoyisa qede wahlaba ngejubane eseqonde emotweni yakhe.

15

Wabashiya kanjalo belwa, esalokhu esincenge njalo uS'bu isidudla ukuba sixolele uZakithi, esaba nokho ukusondela asibambe ngenxa yokulwazi ulaka nesibhaxu saso. Sagcina simyekile nokho uZakithi, wavuka eseluthuqasana, amasingili esezilengela nje, izibuko zelanga sezifahlazekile, endlebeni sekusele icici elilodwa, izinzipho zokufakelwa seziqathakile zagcwala igceke, sekuklebhuke nokuyisiketshana, isithende sexhumela elilodwa sesiphukile, eseziphethe ngesandla izicathulo.

20

Wazama ukuthintitha izintuli ezase zimenze wamhloshana, wadiyazela, washona ezansi emgwaqeni. Wafika wama esitobhini, wakhomba phezulu ngomunwe ngenkathi kuqhamuka itekisi. Yama, wangena bandla emayoywana enjalo, engasenandaba nabantu ababembuka lapha etekisini banikine amakhanda, abanye bansinsitheke. 25 Wanele wahlala phansi nje, wo wayidedela impophoma yezinyembezi.  
'Nx, ukuqoma izinja madoda!' esho enxapha ezithuntutha futhi ekhipha ithishu, efinya, esula negazi emlonyeni.

Wayesanxapha nangenkathi kungena izindaba emsakazweni owawuvulwe lapha etekisini. Udaba olwaluhamba phambili kwakungelokubanjwa inkunzi usomabhizinisi 30 waseMargate nokubulawa kwensizwa kulokho kubanjwa kwenkunzi. Yachazwa imoto ebingenazinombolo ebihamba isigebengu, wachazwa nomlisa lowo osolwayo, kwanikezwa nenamba okungashayelwa kuyo uma kukhona ongaba nosizo ngomkhondo wesigebengu esichazwa njengesiyingozi kakhulu.

- 7.1 Ludalwa yini udweshu phakathi kukaNomthi noZakithi? (2)
  - 7.2 Siyini isizathu esenza umlingiswa onguNdumiso angabalamuli oNomthi noZakithi? Bhekisa impendulo yakho kulesi siqeshana. (2)
  - 7.3 Chaza kafushane ngokwenzeka esiphethweni salesi siqeshana. (3)
  - 7.4 Fingqa ngamaphuzu AMATHATHU ukuvezwa komlingiswa onguS'bu ngokwalesi qeshana. (3)
  - 7.5 Chaza isigameko esaholela ekutheni uNgidi aguqule umqondo mayelana nokuduba indodana yakhe uMhlensi. (2)
  - 7.6 Ucabanga ukuthi wawuzoba njani umphumela empilweni kaXolani ukube wathembeka kuLungile? Sekela impendulo yakho. (2)
  - 7.7 Qhathanisa izenzo zothando lukaNontobeko kanye noNomalanga ngomndeni kaNgidi ukuthuthukisa indikimba yethemba kule noveli. (3)
  - 7.8 Yini inhloso yombali yokusebenzisa isizinda saseThekwini naseGcilima? (3)
  - 7.9 Uyavumelana nokuthi uMahlensi uyisisusa sodweshu empilweni kaNdumiso? Sekela impendulo yakho uyibhekise kumlingiswa onguNdumiso. (2)
  - 7.10 Uyazwelana nomlingiswa onguNontobeko ngesikhathi ethola ukuthi uMhlensi usephila njengomuntu wesifazane? Sekela impendulo yakho. Yikuphi owawungakwenza uma kwakunguwe ubhekene nalesi simo? (3)
- [25]

**UMBUZO 8: UMBUZO OMUDE****USUMENYEZELWE-KE UMCEBO – MJ Mngadi**

Xoxa ngempumelelo yombhali ekuggamiseni indikimba yomcebo kule noveli ethi,  
*Usumenyezelwe-ke Umcebo.*

Impendulo yakho maybe ubude obuphakathi kwamagama angama-340 kuya kwangama-390.

Impendulo mayibhekiswe kulokhu okulandelayo:

- Ukuchaza ukuthi iyini indikimba.
- Ukuchaza, usekele ngezibonelo ezimayelana nendikimba kule noveli.
- Impumelelo yombhali ekuggamiseni indikimba kule noveli.

(Impendulo mayihlelwe njenge-eseyi, hhayi ngokwamaphuzu.)

[25]

**UMBUZO 9: UMBUZO OMFUSHANE****USUMENYEZELWE-KE UMCEBO – MJ Mngadi**

Fundisa lesi siqeshana senovelis bese uphendula imibuzo elandelayo.

**ISIQESHANA B**

'Musa ukumbulala Ntshangase!' ekhala uMirriam.

UGenyeza wamvuba ngayo imvubu elokhu ethe, 'llumbo alidle umninilo' Waye wamkhipha ngesango. Wabaleka phose wazithela emotweni emnyama eyiBenz eyabopha kwaklewula amathayi. Yathi xinti, yedlula. Isikhwama uGenyeza wasiphonsa emgwaqwensi, wagqolozela umthwebuli wathi, 'Niyabona, angiyithandi le nto 5 eniyenzayo.'

'Senzeni manje mfo kaNtshangase ngoba phela asisangeni nalapho?'

'Ngiqondisa izigwegwe, nina ningikhipha emaphepheni.' Emnyonkoloza evala isango.

'Angizwani nezintatheli mina. Zangizuma ngesithombe ehhotela ngizidlele.' Ebuyela kuMirriam.

Ntambama umqashi kaGenyeza uDonald Campbell wathola ucingo olalushaywa wuDicey, ecela ukuba akhulule uGenyeza azoziphendulela ecaleni lokudindela iNkanyamba kwakhe. Ehleka kancane uCampbell wavuma ukuthi wayezomletha yena mathupha. Nempela akuphelanga sikhathi esingakanani yatheleka imoto yakwaCampbell emagcekeni akwaDicey, kunguyena uDon nomkakhe phambili, noGenyeza ngemuva owayehlezi emise umshiza nemvubu phakathi kwemilenze. Wagobozela uCampbell esafarini oyizikhindi eziyizihlabathi zolwandle, bangena endlini okwakukhona kuyo oDicey nomkakhe, uJohan Wessels nomkakhe uMaLanga, UCarla awayewumphathisikole ayeyinduna kuso uDakiyose. Bathi voshosho nabo kosofa. Kwabingelelwana ngaleyo ndlela yesilungu.

'Wethu!' uGenyeza ephakamisa isandla ebingelela uWessels.

'Fezela omkhulu, ongenasibiba nabuthi!' ehlala kusofa eceleni kukaMirriam.

'Dadewethu kababa, namuhla amageja alingene abalimi, umkhumiso ulingene izintondolo. Impungushe ecathamelamamatshwele abantu izobonakala ngombala,' ebabuka bonke belinganisene nezithandwa zabo.

10

15

20

25

Wanikina ikhanda kancane wacimeza uWessels. Wayengathandi ukuthoshwa phambi komkakhe owayehlala emkuza ukuba ayeke ukuzehlisa ngokushaya indlamu nabantu abamnyama. Ayengakakwazi umkakhe uCarla ukuthi lesi sifundiswa sensizwa sasizifikela nasemqombothini. Washeshe wafunda kwezakhe uGenyeza ukuthi wayephaphalazile ngokukhombisa ubungani nomhlophe phambi kwabakubo. UDicey ithuba lokweneka udaba walnika umkaWessels ovalugana kakhulu unwabu esebona uGenyeza, kwanyakama nobuso ekwitiza.

'Angisazi mama wakwaFezela isiNgisi,' UGenyeza emephula ulimi.

30

- 9.1 Ludalwa yini udweshu phakathi kukaGenyeza nentatheli? (2)
- 9.2 Yisiphi isizathu esenza ukuba umlingiswa onguDicey ashayele uDonald Campbell ucingo? (2)
- 9.3 Chaza kafushane ngokwenzeka esiphethweni salesi siqeshana. (3)
- 9.4 Fingqa ngamaphuzu AMATHATHU ngokuvezwa komlingiswa onguGenyeza ngokwalesi siqeshana. (3)
- 9.5 Chaza isigameko esaholela ekuboshweni kukaDaffo okwesibili. (2)
- 9.6 Ucabanga ukuthi wawuzoba njani umphumela empilweni kaChule ukube akafunanga ukubulala uNomvula? Sekela impendulo yakho. (2)
- 9.7 Qhathanisa izenzo zikaDaffo kanye noMaHadebe eziveza uthando Iwemali. (3)
- 9.8 Yini inhloso yombhali yokusebenzisa isizinda saseThusini naseMangweni? (3)
- 9.9 Uyavumelana nokuthi ukuwina kukaNomvula umjaho wamahhashi yikhona okube yisisusa sodweshu empilweni kaNomvula? Sekela impendulo yakho. (2)
- 9.10 Uyazwelana nomlingiswa onguMaHadebe ngokushonelwa yindodana yakhe enguMahuzu? Sekela impendulo yakho. Yikuphi owawungakwenza uma kwakunguwe obhekene nalesi simo? (3)

[25]

**UMBUZO 10: UMBUZO OMUDE****KUNJALO-KE – MJ Wanda**

Xoxa ngempumelelo yombhali ekuggamiseni indikimba yesimilo esixegayo kule noveli ethi, *Kunjalo-ke*.

Impendulo yakho maybe ubude obuphakathi kwamagama angama-340 kuya kwangama-390.

Impendulo mayibhekiswe kulokhu okulandelayo:

- Ukuchaza ukuthi iyini indikimba.
- Ukuchaza, usekele ngezibonelo ezimayelana nendikimba kule noveli.
- Impumelelo yombhali ekuggamiseni indikimba kule noveli.

(Impendulo mayihlelwe njenge-eseyi, hhayi ngokwamaphuzu.)

[25]

**UMBUZO 11: UMBUZO OMFUSHANE****KUNJALO-KE – MJ Wanda**

Fundisa lesi siqeshana senoveli bese uphendula imibuzo elandelayo.

**ISIQESHANA C**

'Umama benosisi sebefikile ekhaya.' Kwabonakala uyise ethuka kodwa wangaphendula. Wayenqena ukuphawula ngoba wayecabanga ukuthi ingane iyamkhohlisa. Bahamba ngokushesha, uBahlekile elokhu egxumagxuma ngaphambi kukayise sengathi udlala umdlalo umagalopha. UKheswa wayehamba ecabanga:

'Ngoba kungase kwenzeke ngempela nje madoda ukuthi uMaNdovela ukhona ekhaya. 5 Ngizovele ngingabe ngisasho lutho. Ehhe, okwakobani nje ukuba yimpohlo?' Bahamba njalo oBahlekile noyise baze bafika ekhaya.

UKheswa wangena ekhishini, wadonsa isiggiki sakhe, wahlala phansi.

'Awu, senibuyile MaNdovela?'

'Yebo!' esholo phansi.

10

'Khona bese ngizwile ngendodakazi ukuthi senifikile. HHayi-ke siyabonga.' UKheswa wabe esecela umkakhe ukuba baye koxoxela endlini yabo yokulala. Lwamuthi heqe uvalo uMaNdovela, wacabanga:

'Mhlawumbe le ndoda seyifuna ukuyongiqoba amaphisisi nje, kwazi bani?' Wayengaondi kahle ukuthi umyeni wakhe wayekusho ngomoya okhululekile yini lokho. Nokho wama isibindi, wamlandela baze bayongena endlini. Kwathi bangahlala phansi, uKheswa wathatha wathi:

'Nathi lapha MaNdovela besihlangene izolo. Sibonisene siwuzalo ukuthi kufanele ngikulande eMbumbulu. Wukuthi nje kwasuke kweqa amazwi nkosikazi ngenxa yentukuthelo.' Athule kancane uMaNdovela ebheke phansi. Kuthi ngesikade bese ethi: 15

'Ngiyezwa yise kaDumazile. Ngiyabonga uma usuwahoxisile amazwi akho. Ngiyabonga NoZulu.'

20

UMaNdovela wamlandisa-ke umyeni wakhe ngohambo IwaseMbumbulu. Nakuba kwakubuhlungu nokho, kodwa indoda yayisibhodlile.

'Ngubani igama lomntwana?'

25

'Batheni konje onesi? O, bathe ngutasika nguLilatho.'

'Uliqanjwe ngubani umntwana leli igama?'

'Uliqanjwe nguDumazile. Ugange kabi yena, usekwazi ukuqamba ingane naye ebe eyingane!'

'Lolu hlobo lwegama alwandile lapha ezansi. Ungumhlobo muni yena uthisha?'

30

'Sengathi ungumSuthu. Ehhe.'

'O, kusho ukuthi yilaba bakaMshweshwe! Cisho impela. Hhayi-ke akulutho phela ngoba nabo ngabantu. Umzukulu sengiyomkhunga kusasa.'

- 11.1 Ludalwa yini udweshu Iwangaphakathi kuKheswa kulesi siqeshana? (2)
- 11.2 Siyini isizathu esenza ukuba uMandovela abe manqikanqika ngokulandela uKheswa uma embiza ukuya endlini yabo yokulala? (2)
- 11.3 Chaza kafushane ngokwenzeka esiphethweni salesi siqeshana. (3)
- 11.4 Fingqa ngamaphuzu AMATHATHU ngokuvezwa komlingiswa onguKheswa ngokwalesi siqeshana? (3)
- 11.5 Chaza isigameko esaholela ekutheni uMaNzimande agcine esesebenza emakhishini. (2)
- 11.6 Ucabanga ukuthi wawuzoba njani umphumela empilweni kaMtalaSelwa ukube walalela unina uma emtshela ukuthi ahlukane noDumazile? Sekela impendulo yakho. (2)
- 11.7 Qhathanisa izenzo ezifanayo zikathisha uMoloi kanye noDumazile eziveza ukuxegelwa yisimilo kule noveli. (3)
- 11.8 Yini inhloso yombhali yokusebenzise isizinda saseMzimkhulu nesaseMlazi? (3)
- 11.9 Uyavumelana nokuthi uMoloi ube yisisusa sodweshu empilweni kaDumazile? Sekela impendulo yakho ubhekise kumlingiswa onguMoloi. (2)
- 11.10 Uyazwelana nomlingiswa onguSithole ngokuthengiswa kweveni lakhe nguDumazile? Sekela impendulo yakho. Yikuphi owawungakwenza uma kwakunguwe ubhekene nalesi simo? (3)

[25]

## UMBUZO 12: UMBUZO OMUDE

### **IMPI YABOMDABU ISETHUNJINI – JC Buthelezi**

Xoxa ngempumelelo yombhali ekugqamiseni indikimba yobuntu/ukungabi nobuntu kule noveli ethi, *Impi yabomdabu isethunjini*.

Impendulo yakho maybe ubude obuphakathi kwamagama angama-340 kuya kwangama-390.

Impendulo mayibhekiswe kulokhu okulandelayo:

- Ukuchaza ukuthi iyini indikimba.
- Ukuchaza, usekele ngezibonelo ezimayelana nendikimba kule noveli.
- Impumelelo yombhali ekugqamiseni indikimba kule noveli.

(Impendulo mayihlelwe njenge-eseyi, hhayi ngokwamaphuzu.)

[25]

## UMBUZO 13: UMBUZO OMFUSHANE

### **IMPI YABOMDABU ISETHUNJINI – JC Buthelezi**

Fundisa lesi siqeshana senoveli bese uphendula imibuzo elandelayo.

#### ISIQESHANA D

'Ugogo yisisebenzi lapha ekhaya, hhayi *uphilinsiphali* noma unqongqoshe wezemfundo njengoba yena ecabanga.'

'Yena uMa-X ulungle. Yizo izintwana zakhe ezincane ezithanda ukuba sinengiso.

Futhi thina naye siyezwana. Ngibona ukuthi nina nixatshaniswa nangokungaqoqi kwakho.'

5

'Ngiqoqeni manje Melly?' kubuza u-Euthenasia elokhu esika imibengo kashizi eyiphonsa emlonyeni. 'Uqoqe nje ekamelweni lakho. Futhi uma kade udla, usibeke isitsha obudla ngaso esinkini esikhundleni sokuba usishiye lapho ubudlela khona. Kwenye inkathi, nami ngiye ngesabe ukungena ekamelweni lakho mfowethu. Kuye kungathi kuzophuma inyoka.'

10

'Angizwa ukuthi yini ekuphatha kabi ekwenzeni kwami lokho Melly. Uma mina ngiqoqa isitsha ebengidlela kuso, sizosebenzani isisebenzi salapha ekhaya? Mina ngiyingane yalapha ekhaya, hhayi isisebenzi. Mina ngiyinkosana yakwaNgubane, wena uyinkosazana. Lokhu asizikhethelanga, kodwa kwabekwa ngaphezulu. Wena Melly uke akubize ngenkosazana ugogo. Kuhle lokho. Mina "akacingi" ukuba angibize ngonkosana.'

15

'Awu kahle Euthy ukungihlekisa. Nawe usufuna ukubizwa ngenkosana? Ungunkosana usuyiNdiya yini? Mina ngazi amaNdiya abizwa ngenkosana lapha emakethe, ngingazi ukuthi lo bunksana abuthathaphi amaNdiya. Mina ngingamkuza ugogo uma ekubiza ngenkosana. Futhi nomama angiboni ukuthi angakuthanda lokho.'

20

'Cha Melly, bengingasho ukuthi sengifuna ukubizwa ngenkosana. Nami iyangidina into yokubizwa amaNdiya ngenkosana. Mhla ngakhula, ngozinika umsebenzi wokuba ngiphume umkhankaso wokushumayeza abantu bakithi ukuba bayeke lo buncelebane babo benkosanisa amaNdiya, bekhosiza bebasabisa nabeLungu. Kodwa phela ukuba ugogo usebenzela abelungu noma amaNdiya ngabe ugogo ungibiza ngenkosana.'

25

'Ngoba nawe kuloyo mkhankaso Euthy. Okwamanje zama ukuqoqa ekamelweni lakho, bese uthatha njalo isitsha obudla ngaso usifake esinkini. Uma wenze njalo nohlalisana kahle nogogo Ma-X.'

'Khona ngizozama noma lo kuthunywa kokwehla nokwenyuka kade ngakwehla.

- 13.1 Ludalwa yini udweshu phakathi kuka-*Melody no-Euthenasia* kulesi siqeshana? (2)
- 13.2 Yimuphi umkhankaso owawuzokwenziwa u-*Euthenasia* uma esekhulile? (2)
- 13.3 Chaza kafushane ngokwenzeka esiphethweni salesi siqeshana. (3)
- 13.4 Fingqa ngamaphuzu AMATHATHU ngokuvezwa komlingiswa ongu-*Euthenasia* ngokwalesi siqeshana. (3)
- 13.5 Chaza isigameko esaholela ekutheni uBafana ahambe kwaMaMthunzi. (2)
- 13.6 Ucabanga ukuthi wawuzoba njani umphumela empilweni kaNgubane ukube akabuyelanga eMpaphala? Sekela impendulo yakho. (2)
- 13.7 Qhathanisa izenzo ezifanayo zikaHlanganisani kanye no-Uzithelile ekuthuthukiseni indikimba yobuntu yale noveli. (3)
- 13.8 Yini inhloso yombhali yokusebenzisa isizinda saseMlazi naseMpaphala? (3)
- 13.9 Uyavumelana nokuthi ukungabi nobantu kukaBafana kumalume wakhe yikhona okwaba yisisusa sodweshu? Sekela impendulo yakho. (2)
- 13.10 Uyazwelana nomlingiswa onguNgubane ngakutshelwa nguThathezakhe Mdlalose? Sekela impendulo yakho. Yikuphi owawungakwenza uma kwakunguwe ubhekene nalesi simo? (3)
- [25]**

**AMAMAKI ESIQEPU B:** **25**

### **NOMA**

**UBUCIKO BOMLOMO****UMBUZO 14: UMBUZO OMUDE*****UJU LWEZIZUKULWANE – KL Makhoba***

Phendula umbuzo OWODWA.

Izinganekwane namahubo kuveza izindikimba ezithize'. Hlaziya ubuye usekele isitatimende esingenhla ubhekise kulezi zinhlobo zobuciko bomlomo.

**ISIQESHANA E**

**INGANEKWANE:** Unwabu Nentulo – Indikimba yokudabuka kokufa.

**IHUBO:** Thina Senze Nje - Indikimba *yesibindi*.

**THINA SENZE NJE**

**Igosa:** Thina senze nje,

**Abasebenzi:** Thina senze nje uma sifun' imali. Thina senze nje.

Impendulo yakho maybe ubude obuphakathi kwamagama angama-340 kuya kwangama-390.

Impendulo mayibhekiswe kulokhu okulandelayo:

- Ukwethula nokuchaza indikimba.
- Ukuphendula umbuzo ngokweselekela ngokwenganekwane kanye nehubo.
- Ukuveza uvo lwakho ngezindikimba zobuciko bomlomo ozinikeziwe.

(Impendulo mayihlelwе njenge-eseyi, hhayi ngokwamaphuzu.)

[25]

**UMBUZO 15: UMBUZO OMFUSHANE****IZINGANEKWANE: 'IMPISI EYISIMINZI'**

Fundisa lesi siqeshana senganekwane bese uphendula imibuzo elandelayo.

**ISIQESHANA F**

**Umxoxi:** Kwesukasukela ...

**Abalaleli:** Cosu!

Kwakukhona impisi eyayihlala ehlathini laseNtshonalanga. Le mpisi yabe iyisiminzi futhi inomona nokudla. Kwase kukaningi uHlakanyane ebona ukuthi impisi iyisiminzi. UHlakanyane wayebona indlela impisi edla ngayo uma kunenyama evelile endaweni 5 ukuthi ngempela inomona nokudla. Kwakunzima-ke ukuthi uHlakanyane ayibonise impisi ngoba yayingazithathi izeluleko ezivela komunye umuntu. Angiyiphathike ekaHlakanyane ngoba wayenesidumbu esincane futhi edelelekile. Langa limbe uHlakanyane wahlangana nempisi ehlathini. Impisi yayizingele yaze yakhathala, imanzi te ngumjuluko kodwa lutho inhlanhla ukubonwa.

'Kukhona ihashi engilibulele ngasemfuleni,' washo uHlakanyane edlula ehamba eceleni kwempisi ngokushesha. Yamsukela impisi, 'Ungakhulumu indaba ebaluleke kangaka udlula.Uthi kwenze njani?' Yabuza impisi ikhotta izindebe. Inyama yayithandeka lapha kwelikampisi.

10

Wama isikhashana uHlakanyane ephendula, 'Ngiyobiza abangani bami amanqe ukuze 15 bazokudla inyama. Alicebile ihhashi, ngilibone kahle namuhla. Uma ngilibala lizoze litholwe ngabanye,' wahlaba ngejubane uHlakanyane engavalelisanga. Impisi yasuka ngelikhulu ijubane ibheke ngasemfuleni ukuyobheka leli hhashi okukhulunywa ngalo. Kwase kuvuke nesifo sayo esidala sokuba nomona. Iwazi kahle amanqe ukuthi uma 20 engafika, angashiya amathambo emhlophe qwa ngokuphazima kweso. Igijima nje impisi ayiyekile ukuqalaza phezulu. Icabanga ngamanqe ahlala ezula ethungatha isilwane esifile. Asebizwa ngokuthi ayizinhlol. Impisi yagijima igudla umfula ilule 25 umqala futhi iqualaza lapho isidumbu sehhashi sidindilize khona. Impisi yalibona ihhashi lilele phansi yacabanga ngokushesha ukuthi amanqe azoyibangisa uma engatheleka kusenjena. Yacabanga futhi ukuhlaba ngejubane iphikelele ekhaya iyobiza inkosikazi kanye nezingane bazozitika ngenyama ethambile yehhashi. Impisi yacabanga isu lokuhudula ihhashi iyolimboza ngotshani kude ngaphambi kokubiza izingane kanye nenkosikazi. Uma ingakwazi ukulihudula ilisuse kule ndawo, kuzobe sekungelayo.

- 15.1 Shono isizinda ngokwendawo esitholakala kule nganekwane. (1)
- 15.2 Chaza kafushane izinto EZIMBILI ezenziwa yimpisi ezibonisa ukuthi inomona nokudla. Bhekisa impendulo yakho kulesi siqephu. (2)
- 15.3 Nika isaga ngokusebenzisa igama elidwetshelwe bese uchaza ukuthi ukuqanjwa kwalesi saga kuxhumana kanjani nokwenzakala kule nganekwane. (2)
- 15.4 Hlanganisa ndawonye okufanayo phakathi kwenkulomo kaHlakanyane kanye nesisho esithi, 'ukusenga ezimuthiyo'. (3)
- 15.5 Chaza udweshu Iwangaphakathi olukhungethe umlingiswa oyimpisi kulesi siqeshana. (2)
- 15.6 Xoxa ngomyalezo otholakala kule nganekwane ubhekise kumlingiswa oyimpisi. (2)
- 15.7 Phawula ngekhono lomlandi ekwethuleni isakhiwo senganekwane ubhekise esingenisweni sale nganekwane ethi, 'Impisi Eyisiminzi'. (3)

## KANYE

**ISIQESHANA G: SIHLANGANISA IZIBONGO NEHUBO**

Fundisa lobu buciko bomlomo obulandelayo bese uphendula imibuzo elandelayo ngezansi:

**IZIBONGO: 'ISIQHINGI SASE-ROBBEN ISLAND'**

- 1 Kwelingafelwa nkonyane idlelo,
- 2 Idlelo lemihlambihlambi.
- 3 Eminye yahamba amasolokohlo,
- 4 Bahlal' inhlal' ehlasmulis' umzimba,
- 5 He! **Kwehla ngamphimbo munye.**
- 6 Izilomo zaphenduka izaliwakazi,
- 7 Bevez' elomhlath' omaluma bephephetha,
- 8 Ababekhaphel' imihlambi kuwe.
- 9 Babengazi babawelise ngelibanzi,
- 10 Esiqhingini sensinde nobabe
- 11 Lapho zizofika zinamathele khona.
- 12 Phakathi kokubi okwenziwa abenzi
- 13 Omenziwa abakubambele gqubu wena.
- 14 Siqhingikazi esakhulis' imiqondo yamabutho.
- 15 Siqhingikazi esondla izingqalabutho.
- 16 Mbelekazi abawugwansisa ngenzondo.
- 17 Bashaye phansi kwashunqa osiyazi.
- 18 Wena wawudalelw ebunsengwakazi
- 19 Ube ngunondlini wakwethu.
- 20 Namuhla uklezisa izizukulwane,
- 21 Namuhl' azipheli kuwe zivakash' int' engapheli,
- 22 Sengathi kusemakhabonina
- 23 Lapho beyofike bavutshelwe amasi.
- 24 Bengasekho ababeboshwe ngamaketang' obandlululo,
- 25 Bengasekho abayobanjwa ngamatomu engcindenzelo,
- 26 Kungasekho bungasekho qha ubugqila.
- 27 Kulesi siqhingi sekusezweni lesethembiso.
- 28 Umhlabu jikelele ungofakazi.

**IHUBO: SENZENI?**

Igosa: Senzeni na?

Abavumayo: Senzeni na? Senzeni na?

- 15.8 Nikeza ukuxhumana okutholakala ebinzeni loku-1 bese usho nohlobo lwakho. (2)
  - 15.9 Chaza kafushane ukuthi ihubo elithi, 'Senzeni' lixhumana kanjani nezibongo zesiqhingi sase-Robben Island. (2)
  - 15.10 Chaza isizathu sokungathekisa isiqhingi saseRobben Island ngonondlini. (3)
  - 15.11 Phawula ngokusetshenziswa kwesisho esibhalwe ngamagama agqamile kulezi zibongo. (3)
- [25]**

**AMAMAKI ESIQEPU B:** **25**

**ISIQEPHU C: UMDLALO**

Phendula umbuzo OWODWA ngencwadi oyifundile.

**UMBUZO 16: UMBUZO OMUDE****KUDELA OWAZIYO – BP Maphumulo**

Xoxa ngempumelelo yombhali ekubhebhethekiseni udweshu kuze kuyofika kuvuthondaba kulo mdlalo othi, *Kudela Owaziyo*.

Impendulo yakho mayibe ubude obuphakathi kwamagama angama-340 kuya kwangama-390.

Impendulo mayibhekiswe kulokhu okulandelayo:

- Ukwethula nokuchaza izinhlobo zodweshu.
- Ukuphendula umbuzo ngokuphawula ngempumelelo yombhali ekubhebhethekiseni udweshu kanye nokucaphuna nokwesekela ngokwencwadi.
- Ukuveza uvo lwakho.

(Impendulo mayihlelwe njenge-eseyi, hhayi ngokwamaphuzu.)

[25]

**UMBUZO 17: UMBUZO OMFUSHANE****KUDELA OWAZIYO – BP Maphumulo**

Fundisa lesi siqeshana somdlalo bese uphendula imibuzo elandelayo.

**ISIQESHANA H**

*(Emini, kuvulandi wendlu kaMdaluli, umkakhe uMaMlanduli nezingane zabo bahlanganise amakhanda.)*

**MDALULI:** *(Uhleka sengathi akathandi)* Ngiyathokoza ukuphinde ngibonane nani mndeni wami emveni kwezinsukwana sihlukane ngenxa yesizathu lesu nani enisaziyo. 5

**MAMLANDULI/** *(Kanye kanye bekhombisa ukuthakasa)*

**LONDIWE/** Nathi futhi siyathokoza baba.

**KHOMBEPHI/**

**NENELEZI:**

**MDALULI:** *(Uhleka inhlinini)* Kodwa-ke phela kukhona iqiniso okumele nihlale nilazi kumbe-ke nginikhumbuze lona uma kuya ngoba senilikohohlwe.

**MAMLANDULI/** *(Kanye kanye, bemangele)* 10  
**LONDIWE/** Qiniso lini lona lelo baba?

**KHOMBEPHI/**

**NENELEZI:**

**MDALULI** **Izinkunzi ezimbili zingehlale esibayeni sinye.**

**MAMLANDULI:** *(Enqekuzisa ikhanda)* Yiqiniso lelo baba.

**KHOMBEPHI/** *(Ngokushiyana kwamazwi)* Washeshe wavuma nje mame ungakezwa nokuthi ubaba uwagudliselaphi la mazwi akhe. Uyazi 15 ukuthini? *(Kanye kanye)* Thina sisadidekile.

**NENELEZI:** *(Ngezwi eliphakeme)* Musani ukuidwa yinto esobala zibe zikhona izinto ezixakile okufanele ngabe zinilethela ukudideka. Mina nendodakazi yami uLondiwe sibanga ubukhulu kulo muzi, kusobala-ke ukuthi sonke sesingomakhonya izinkunzi ezimalundalunda. 20 Sekumele kucace-ke manje!

LONDIWE:	(Umqwebulela amehlo, umangele) Ukuthini?	
MDALULI:	(Ngezwi lokubhavumula) Impendulo yalowo mbuzo wakho ilula kakhulu ndodakazi: Osekumele kucace manje wukuthi iyiphi ngempela inkunzi ekhonyayo futhi enomhlwenga lapha ekhaya	25
	phakathi kwami nawe. Ngaleso sizathu-ke ngithi qoqa konke okungokwakho okukulo muzi Londiwe uphume uphele kuleli gceke ugcwale amathafa ...	
KHOMBEPHI/ NENELEZI:	(Kanye kanye sebeqwebule amehlo)	30
	Hawu!	
LONDIWE:	(Usebuyise izinhlonze, usegqolozele uyise) Ini? Angizwanga wumoya!	
MDALULI:	(Ngobudlova.) Ingani ngikhuluma nawe nje? Ufuna ukubonani kanti? Ngithi angisakufuni kulo muzi ngakho-ke qoqa onke amasakana akho ubone ukuthi ulibhekisaphi nezwe.	35
LONDIWE:	Ayikho leyo nto!	
MDALULI:	(Ngokufutheka) Hheyi wena! Yini engekho manje? Ngithi kukhona okude kusina kukujeqeza njalo wena. Ngibeka uzuka wena ubeka utiki? Yimihlola kaGambu yini lena?	

- 17.1 Sizathu sini esenza umlingiswa onguMdaluli ajabule? (2)
- 17.2 Yimuphi umoya otholakala kulesi siqeshana? Nikeza isizathu sempendulo yakho. (2)
- 17.3 Chaza kafushane ukuthi ubudelwano phakathi kukaMdaluli noMbhebhezelu buyithuthukise kanjani indikimba yalo mdlalo. (3)
- 17.4 Fingqa ngamaphuzu AMATHATHU okwaholela ekutheni uMdaluli agcine esexoshe uLondiwe emzini wakhe. (3)
- 17.5 Ngabe amazwi abhalwe ngokugqamile amveza njengomlingiswa onjani uMdaluli? Nikeza isizathu sempendulo yakho. (3)
- 17.6 Iyini inhloso yombhali ukusebenzisa indikimba yodlame lwasekhaya kulo mdlalo? (2)
- 17.7 Chaza isizathu sombhali sokusebenzisa isizinda sesikhathi samanje esitholakala kulo mdlalo ubhekise kumlingiswa onguHeshane. (3)
- 17.8 Ucabanga ukuthi isigameko esifihlelwu umlingiswa onguHlengiwe mayelana nenhloso yokuthandana kwakhe noChivenga sasingaba namuphi umphumela empilweni yakhe ukuba wagcina azi? (2)
- 17.9 Ngabe uyavumelana nokuthi lo mdlalo uphela ngopholavuthondaba? Sekela impendulo yakho. (2)
- 17.10 Xoxa ngokuphumelela kombhali ekuvezeni isixakaxaka kulo mdlalo. (3)

[25]

**UMBUZO 18: UMBUZO OMUDE****AWUWELWA UMNGENI – M Gcumisa**

Xoxa ngempumelelo yombhali ekubhebhethekiseni udweshu kuze kuyofika kuvuthondaba kulo mdlalo othi, Awuwelwa *UMngeni*.

Impendulo yakho maybe ubude obuphakathi kwamagama angama-340 kuya kwangama-390.

Impendulo mayibhekiswe kulokhu okulandelayo:

- Ukwethula nokuchaza izinhlobo zodweshu.
- Ukuphendula umbuzo ngokuphawula ngempumelelo yombhali ubhebhethekiseni udweshu kanye nokucaphuna nokwesekela ngokwencwadi.
- Ukuveza uvo lwakho.

(Impendulo mayihlelwwe njenge-eseyi, hhayi ngokwamaphuzu.)

[25]

**UMBUZO 19: UMBUZO OMFUSHANE****AWUWELWA UMNGENI – M Gcumisa**

Fundisia lesi siqeshana somdlalo bese uphendula imibuzo elandelayo.

**ISIQESHANA I**

*(Kusenkantolo emshwathi. Kungena uSalimani. Uphahlwe oMbongolo noNodwengu. Bona balandelwa oMcondo, noGundane, noMcanjana. Bona balandelwa uSikhova ohola uPhehlitshe neZinyathi neBhambe. UMakhwelantaba uvive phandle. Onongqayi bayaphithiza. Bayaphuma bayangena. Bayaphambana.)*

SALIMANI:	<i>(Ungena nabafowabo uqonda ebhentshini eliphambili.)</i>	5
AMABUTHO:	<i>(Ahlala kwamanye amabhentshi) UPhehlitshe uma ngezinyawo aqaqelete ngezindonga. Kuthule kuthi cwaka.)</i>	
ONONGQAYI:	<i>(Kungena iviyo labo lengama iminyango yonke abanye baqaqela phezulu lapho kuhlala khona imantshi uma ithetha amacala.)</i>	
NONGEJENI:	<i>(Ungena uqonda kuSalimani. Uyakhuleka. Uyakhothama.) Imantshi ithi angikucela uwakhiphela phandle amabutho akho. (Ukhulumela phansi.)</i>	10
SALIMANI:	<i>(Enikina ikhanda.) Ngeke ngiwakhiphe. Aphelezela mina onongqayi bakhe abathe uthe abongingenisa lapha nengihamba nabo.</i>	
NONGEJENI:	<i>(Ethithiza uyahamba uyaphuma. Ukhulumera nonongqayi ukhulumela phansi. Uyaphuma.)</i>	15
SALIMANI:	<i>(Uhlanganisa amakhanda kuqala noMbongolo. Kamuva noMcondo. Bakhulumela phansi.)</i>	
ZITHULELE:	<i>(Ungena uholwa onongqayi abangosayitsheni ababili ulandelwa uNongejeni.)</i>	20
ONONGQAYI:	Sukmani!	
ZITHULELE:	<i>(Uqonda esihlalweni sakhe. Osayitsheni bema ngapha nangapha kuka Zithulele. Ngenhlana kwamabhokisi elo fakazi nelombokwacala.)</i>	
NONGEJENI:	<i>(Uyohlala esihlalweni sofakazi.)</i>	
ZITHULELE:	<i>(Uyasukuma esihlalweni wehlela lapho kuhleli ngakhona uSalimani. Ubambelela epulangweni ngezandla zombili uqhweba uSalimani.)</i>	25
SALIMANI:	<i>(Uyasukuma uqonda kuZithulele.)</i>	

ZITHULELE:	( <i>Ekhulumela phansi.</i> ) Khipha amabutho akho aphumele phandle. ( <i>Ukhomba phandle.</i> )	
SALIMANI:	( <i>Enikina ikhanda.</i> ) Ngeke ngikwenze lokho.	30
ZITHULELE:	Uma ungakwenzi lokho ngizojoba amabutho ami abakhipe ngenkani.Uma kungenjalo ngizobabopha.	
SALIMANI:	<b>Uma ufunu kufe gula linamasi ungakwenza lokho.</b>	
ZITHULELE:	Phungula laba bantu bakho! ( <i>Ekhomba ngakwesokudla sakhe lapho kunebhokisi lababekwacala khona.</i> ) Ukuze kuvuleke indawo kungene laba ababoshiwe.	35
SALIMANI:	( <i>Abuyelete endaweni yakhe useyabitoza. Uqhweba uSikhova.</i> )	
SIKHOVA:	( <i>Usondela kuSalimani.</i> )	
SALIMANI:	( <i>Bakhulumela phansi.</i> )	
SIKHOVA:	( <i>USikhova uya lapho kuhleli khona iZinyathi.</i> )	40
SIKHOVA:	( <i>Uzikhomba phandle iZinyathi.</i> )	
ZINYATHI:	( <i>Ziphumela phandle zihlangana noPhehlitshe phandle.</i> )	
DAKWA/NDICOSHO:	( <i>Angene eholwa nguNomehlo. Akakwe onongqayi.</i> )	

- 19.1 Sizathu sini esenza uSalimani enqabe ukukhipha amabutho akhe ngaphandle kwenkantolo? (2)
- 19.2 Yimuphi umoya otholakala kulesi siqeshana? Nikeza isizathu sempendulo yakho. (2)
- 19.3 Chaza kafushane ukuthi ubudlelwano phakathi kukaSalimani noZithulele buyithuthukise kanjani indikimba yalo mdlalo. (3)
- 19.4 Fingqa ngamaphuzu AMATHATHU okwaholela ukuthi kube necala elithethwa enkantolo yaseMshwathi. (3)
- 19.5 Ngabe amazwi abhalwe ngokugqamile amveza njengomlingiswa onjani uSalimani? Nikeza isizathu sempendulo yakho. (3)
- 19.6 Iyini inhoso yombhali yokusebenzisa indikimba yezombangazwe kulo mdalo? (2)
- 19.7 Chaza isizathu sombhali sokusebenzisa isizinda senkathi yengcindezelo esitholakala kulo mdalo. (3)
- 19.8 Ucabanga ukuthi isigameko sokukhetha kusetshenziswa isu likabhontshisi sasingaba namuphi umphumela empilweni kaSalamani ukube asiphumelelanga? (2)
- 19.9 Ngabe uyavumelana nokuthi lo mdlalo uphela ngovuthondaba? Sekela impendulo yakho. (2)
- 19.10 Xoxa ngokuphumelela kombhali ekuvezeni isixakaxaka kulo mdalo. (3)
- [25]

## UMBUZO 20: UMBUZO OMUDE

### **UBHUKU LWAMANQE – EJ Mhlanga**

Xoxa ngempumelelo yombhali ekubhebhethekiseni udweshu kuze kuyofika kuvuthondaba kulo mdlalo othi, *Ubhuku Lwamanqe*.

Impendulo yakho maybe ubude obuphakathi kwamagama angama–340 kuya kwangama-390.

Impendulo mayibhekiswe kulokhu okulandelayo:

- Ukwethula nokuchaza izinhlobo zodweshu.
- Ukuphendula umbuzo ngokuphawula ngempumelelo yombhali ekubhebhethekiseni udweshu kanye nokucaphuna nokwesekela ngokwencwadi.
- Ukuveza uvo lwakho

(Impendulo mayihlelwe njenge-eseyi, hhayi ngokwamaphuzu.)

[25]

## UMBUZO 21: UMBUZO OMFUSHANE

### **UBHUKU LWAMANQE – EJ Mhlanga**

Fundisa lesi siqeshana somdlalo bese uphendula imibuzo elandelayo.

### ISIQESHANA J

*(KukwaMathonsi ebusuku. Usokhaya ungena nomndeni belandelana. UThamsanqa nguyenya ohamba phambili elandelwa ngunina kugcine umnumzane wekhaya.)*

MATHONSI: *(Ngokuzithoba)* Siyaxolisa ukuthi sithathe isikhathi eside kangaka bakwethu bekukhona okuqondene nomndeni ebilosumana ngakho indlebe.

5

SIKELA: *(Ngomoya ophansi)* Cha siyezwa mnumzane. Kwesinye isikhathi kukhona okudingeka kuphuthunyiswe masishane. Thina sibonga ukwamukeleka ngomoya omuhle lapha ekhaya.

10

MATHONSI: Okunye okubalulekile ebosibonisana ngakho ukungabonakali kukamakoti walapha ekhaya. Lona esihlangene ngaye namuhla.

10

SIKELA: Hhawu! Akekho umakoti? Yawuchitha umuthi inkonyane. Kuzakuba lukhuni-ke ukuxoxa udaba umnikazi walo engekho.

NKULULEKO: *(Ngokuthukuthela)* Pho, sizokwenzani uma lo muntu okunguyena ofunekayo engekho lapha?

15

SIKELA: Kahle ngamatshe ndodana. *(Eguquka ebheka ngakuMathonsi.)* Nathi senze iphutha ngokuthi singene emzini womnumzane singazange sabika ukuthi singobani futhi sihlobana kanjani nalo mfana.

THAMsanqa: *(Ebuka uNkululeko ngeso lengulube. Athule nje okungathi kukhona akucabangayo. Aphendule.)* Uzosichithela isikhathi ngokulokhu uzisho kasinandaba nokuhlobana kwenu. Okubalulekile **khulumani enize ngakho izinyawo zigcwale udaka.**

20

NKULULEKO: Lo muntu akasitshela ukuthi ukuphi uPhindisiwe. *(Emkhomba ngomunwe.)*

MATHONSI:	(Ebona ingathi umoya usuthanda ukuphakama kubafana bobabili.) Cha, bakwethu singalokhu sichitha isikhathi ngemibuzo kwathina esingenayo impendulo yayo. Asiqhubeku ngalokho esihlangene ngakho njengoba umfana ngike ngamethulela ngalokho enihamba ngakho.	25
NKULULEKO:	Ukusinisa amahleza phela lokhu. Liyovela kanjani iqiniso pho lo mkhuhlane womfazi ungekho? Akalona idlozi bekufanele abuye azoziphendulela.	30
THAMsanqa:	(Asukume eme ngezinyawo.) We ndoda ungachwensi. Ngokabani lo mfazi ombiza ngomkhuhlane? Kuyangihlekisa ukusho kwakho ngoba uzokhonkotha lapha nje ufuno wona lo mkhuhlane.	
NKULULEKO:	(Asukume eme ngezinyawo naye.) Ngizokhonkotha? Ngondliwa yiphalishi lakwenu yini mina?	35
THAMsanqa:	(Esemi njalo ngezinyawo.) Pho ufuno ukwenzani ngalokho?	
MATHONSI:	(Ngokufutheka.) Singeke sithi sibadala kangaka bafana sizomelwa yinina ngezinyawo. Ngokabani lo muzi?	

- 21.1 Sizathu sini esenza uMathonsi abingelele ngokuxolisa? (2)
- 21.2 Yimuphi umoya otholakala kulesi siqeshana? Nikeza isizathu sempendulo yakho ubhekise kumlingiswa onguNkululeko noThamsanqa. (2)
- 21.3 Chaza kafushane ukuthi ubudlelwano phakathi kukaPhindisiwe noNkululeko buyithuthukise kanjani indikimba yalo mdlalo. (3)
- 21.4 Fingqa ngamaphuzu AMATHATHU okwaholela ukuthi kuthethwe icala enkantolo kaMantshi yaseZibuseni. (3)
- 21.5 Ngabe amazwi abhalwe ngokugqamile amveza njengomlingiswa onjani uThamsanqa? Nikeza isizathu sempendulo yakho. (3)
- 21.6 Iyini inhoso yombhali yokusebenzisa indikimba yobugebengu obuhleliwe/ uthando lwemali kulo mdlalo? (2)
- 21.7 Chaza isizathu sombhali sokusebenzisa isizinda sesikhathi samanje esitholakala kulo mdlalo. (3)
- 21.8 Ucabanga ukuthi isigameko esifihlelwe umlingiswa onguThamsanqa nguPhindisiwe mayelana nefu ayeligaqele sasingaba namuphi umphumela empilweni yakhe ukuba uThamsanqa wagcina azi? (2)
- 21.9 Ngabe uyavumelana nokuthi lo mdlalo uphela ngepholovuthondaba? Sekela impendulo yakho. (2)
- 21.10 Xoxa ngempumelelo yombhali ekwethuleni isixakaxaka kulo mdlalo. (3)
- [25]

**AMAMAKI ESIQEPU C:** 25  
**AMAMAKI ESEWONKE:** 80